

“Zanini Kimi...”



NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda ku: *Math. 11:20-30, Math. 5:5, Duter. 18:15, Gal. 5:1, Eks. 13:18-22, Gal. 6:2.*

Indimana Yekhanda: “Zanini Kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, Mina ngizakuniphumuza” (Math. 11:28).

Zanini Kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, Mina ngizakuniphumuza.” Yeka isisthembiso esimangalisayo esisiphiwe nguJesu lapha. Ubani phakathi kwethu ongakaze azizwe esindwa, kungaba ngumsebenzi uqobo okuyinto evamile, noma ukusindwa kwasekuphileni? UJesu lapha usitshela ukuthi yebo, uyakwazi esidlula kukona, futhi yebo, angasisiza—kuphela-nje uma simvumela.

Uma-ke esesitshelile ukuthi asithathe ijoka laKhe, uJesu uthi: “Ngokuba ijoka lami lihle nomthwalo wami ulula” (*Math. 11:30*). Ngamanye amazwi, *Lahlani amajoka nemithwalo eniyithwele (yinikeni Mina) nithathe elami ngoba elami lilula.*

Singakuzwa kanjani lokho kuphumula akhuluma ngakho uJesu? Siphila emhlabeni lapho, ngemuva kokungena kwesono, uNkulunkulu wathi kuAdamu: “Ngesithukuthuku sobuso bakho uyokudla isinkwa sakho” (*Gen. 3:19*). Ngakhoke siyazi ukuthi kunjani ukusebenza nokuthwala imithwalo esinda ngokwedlulele uma sizithwalela.

*Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 31.

“...Ngizokuniphumuza”

Funda: uMathewu 11:20-28, lapho uJesu ethi: “Zanini Kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, Mina ngizakuniphumuza.” Uwakhulumela phezu kwasiphi isimo lamazwi? Usinika kanjani lokuphumula uJesu?

Njengathi sonke, uJesu wayengakhulumi kungekho isimo esithile. Ukuze simuzwisise kahle, sidinga ukuthola leso simo akhulumela phezu kwaso, uma singafuni ukulahlekelwa ukuthi uthini uJesu.

KuMathewu 11 kushintsha izinto evangelini likaMathewu. Amazwi agxeka amadolobha athile aseGalile yiwona aqosheme kunawo wonke esike sawezwa kuze kube manje kulencwadi yevangeli. UJesu akathengi buso bamuntu; ubeka umunwe lapho kubuhlungu khona; uhlangana nabantu okuthiwa “abalunganga” (*Math. 9:9-13*); ukusho kwaKhe ukuthi ukwazi ukuxolela izono kwakuwukuhlambalaza emehlweni abaholi bezenkolo (*Math. 9:1-8*).

Yebo, uJesu ukhuluma amazwi aqinile agxekayo ebantwini, aze abafanise neSodoma, indawo ebukwa njengekhohlakele kakhulu. “Kepha, ngithi kini kuyakuba ngcono kulo izwe laseSodoma ngosuku lokwahlulelwa kunakuwe” (*Math. 11:24*).

Isimo siyashuba—kodwa phakathi kwakho konke lokhu, uJesu uyashintsha, uphana ngokuphumula kweqiniso. Angakwenza lokho ngoba “konke ngikunikwe nguBaba, futhi akekho oyaziyo iNdodana ngaphandle kukaBaba” (*Math. 11:27*). Amandla kaJesu okuphana ngokuphumula esekelwe phezu kobuNkulunkulu baKhe nokuba munye noBaba.

Ngaphambi kokuthi sethule imithwalo yethu, kudingeka sazi ukuthi neke sayithwala sodwa. Empeleni, abaningi bethu neke beze ngaphandle kokuthi sivume isimo sethu njengoba sinjalo. Isimemo sikaJesu siqhutshwa yizidingo.

Amazwi aKhe kuMathewu 11:28 aqala ngomyalo olimini lwesiGriki. Ukuthi ‘zanini’ akuniki muntu ilungelo lokukhetha; “uZanini” umele umbandela wokuthola ukuphumula. Ukuthi “Zanini” kusho ukuthi sidinga ukudela ukuzilawula. Ngesikhathi lapho sikwazi khona ukulawula izinto eziningi empilweni yethu ngama-smartphone, ukuza kuJesu akuzenzekeli. Ebantwini abaningi, ukuzidela iyona-nto elukhuni kakhulu empilweni yobuKrestu.

Siyathanda ukukhuluma ngakho konke uNkulunkulu asenzele kona kuKrestu, futhi kulungile lokho, nokuthi asikwazi ukuzisindisa, nokunye okunjalo. Konke lokho kuyiqiniso. Kodwa okusalayo ukuthi, siyadinga ukukhetha “ukuza” kuJesu, okusho ukuzinikela kuYena. Kulaphoke iqiniso lelungelo lokuzikhethela ligqama khona empilweni yomKrestu.

Iyiphi imithwalo oyithwele? Ungayidlulisela kanjani kuJesu, uthole lokho kuphumula aphana ngakho ngentengo engaka kuYe?

“Bekani Ijoka Lami Phezu Kwenu”

Funda: uMathewu 11:29, 30. Kungani uJesu esiyala ukuba sithathe ijoka laKhe eqeda-nje ukusimema ukuthi simnike imithwalo yethu, sithole ukuphumula kwangempela?

Ukulandela igama lokuqala eliphoqayo elithi “Zanini” kuMathewu 11:28, sithola amanye amabili kuMathewu 11:29. Amagama athi “Bekani” nelithi “nifunde” adonsela amehlo abalaleli (nabafundayo) kuJesu. Simelwe ukuthatha ijoka laKhe, sifunde kuYe.

Ubudlelwane obusondelene phakathi kukaBaba neNdodana (njengoba sibonile kuMath. 11:25-27) businika isithombe esinamandla esingasichazela umfanekiso wejoka kulezindimana. Bobabili, uBaba neNdodana basebenza ngokubambisana ukusindisa abantu. Ijoka lisho ukuthobela ukusebenza (*bheka uJeremiya 27*), kanti futhi lifanekisa ukubambisana. Sizithoba ejokeni laKhe, sivume umsebenzi asinika wona ukuze sibusise labo abasizungezile. Asilithwele lelijoka, kodwa siboshelwe kanye naYe ngoba ijoka laKhe “lihle” “nomthwalo” waKhe “ulula” (*Math. 11:30*).

Igama lesibili eliphoqayo elithi “nifunde kiMi” liphinda wona lomqondo. Olimini lwesiGriki isenzo esithi “funda” sixhumene negama elithi “umfundi.” Uma sifunda kuJesu, singabafundi baKhe ngempela. Ukulalela nokuzinikela yizimpawu zokuba umfundi.

Yini umehluko phakathi “kokusindwa” (*Math. 11:28*) nokuthatha ijoka Lakhe (*Math. 11:29*)?

Ijoka laliyisifanekiso esejwayelekile esisho umthetho enkolweni yamaJuda. KweyeZenzo 15:10 lisetshenziswe ukusho umthetho wokusoka. Kanti kwabaseGalatiya 5:1 kuqhathaniswa inkululeko enikezwa nguJesu nejoka lobugqila, elikhomba emthethweni njengendlela yokusindiswa. Ukuboshelwa ejokeni linye noJesu kugcizelela ukulalela nokuzinikela ukulandela ezinyathelweni zaKhe, nokubamba iqhaza emsebenzini waKhe. Nakuba singeze sakwazi ukwenzela utho osindisweni uJesu asizuzela lona esiphambanweni, singaba amanxusa aKhe, sabelane ngezindaba ezinhle nalabo abasizungezile. Indlela uJesu achaza ngayo umthetho njengoba sibona entshumayelweni yasentabeni, (*Math. 5-7*) izwakala iyintsha nangaphezu kokubona kwabaFarisi. Idinga ukuguqulwa kwenhliziyo, iguqula izinhloso zethu—kanti futhi, ijoka laKhe lihle, nomthwalo waKhe ulula (*Math. 11:30*).

Yeka leso sithembiso esimangalisayo! Ukuphumula kwemiphefumulo yenu. Uzizwele kanjani wena lokho kuphumula? Kunjani? Ngokugxila kuJesu nalokho asipha kona, singakwazi kanjani lokho kuphumula?

“Ngimnene, Ngithobile Ngenhliziyo”

Ubumnene uphawu olwedelelekile namhlanje. Ukuzithoba into yokuhlekisa. Izinkundla zokuxhumana zisifundise ukunaka labo abakhuluma kakhulu, abanomsindo, abafuna ukubukwa, nezinto ezingajwayelekile. Izimiso eziningi zezwe ziphikisana nalokho uNkulunkulu akubona kubalulekile futhi kuyigugu.

“Ulwazi lweqiniso aluyi ngokuhlakanipha, kodwa ngobumsulwa benhloso, ukukholwa okuqinisekile, okuzehlisayo nokwethembekayo. Izingelosi zikaNkulunkulu ziyasondela kulabo abafuna ngokuthobeka kwenhliziyo ukuholwa yizulu. Baphiwa uMoya oNgcwele ukuze bavuleleke umcebo weqiniso.”—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, p. 59.

Funda: uMathewu 5:5, 1 Petru 3:4, noIsaya 57:15. Ngokwalezi ndimana ungabuchaza kanjani ubumnene nokuzithoba?

UPawulu ukhuluma “ngobumnene nokuva kukaKrestu” ku 2 Korinte 10:1. Ubumnene nokuzehlisa akuchazi umuntu ontengentenge, umuntu ongakwazi ukumela lokho akholwa kukhona. UJesu uqobo lwaKhe wayengayifuni ingxabano, wayeyigwema ngoba umsebenzi waKhe wawungakafezeki (*Johane 4:1-3*). Kwakuthi uma ingxabano izizela kuYe, ephendule ngesibindi, kodwa ngomusa. Ukukhalela kwaKhe iJerusalema ngaphambidlana kokubethelwa kwaKhe, kwakungesikho ukubiza iziqalekiso, kodwa kwakungamazwi atshengisa lokho okuzayo (*Luka 19:41-44*).

ETestamenteni eliSha, uJesu uvame ukuvezwa njengoMose wesibili. Usentabeni ngesikhathi esho izimiso zombuso waKhe (*Math. 5:1*). Upha izixuku ukudla ngendlela eyisimangaliso (*Math. 14:13-21*). UNumeri 12:3 uchaza uMose njengo “mnene,” esikuthola nakuMathewu 11:29. Abantu abakubona ukondliwa kwabangu 5 000 baphawula ngokumangala bethi “Nangempela uye lomprofethi esimlindele emhlabeni” (*Johane 6:14, NKJV*—okuyisiprofetho sikaDuteronomi 18:15 neqhaza likaMose njengomprofethi).

Ukuzehlisa kukaJesu nobumnene baKhe ngokusobala, kungaphezu kokukaMose. Phela unguMsindisi wethu. Nakuba uMose wazinikela ukuthi afele abantu bakubo (*Eks. 32:32*), ukufa kwakhe kwakungeke kusize lutho ngoba uMose wayeyisoni naye, edinga uMsindisi ozothwala izono zakhe. Nakuba singafunda kuMose nomlando wempilo yakhe, ngeke sikuthole ukusindiswa kuyena.

Kunalokho, sidinga uMsindisi ozokuma esikhundleni sethu, Kungabi umncengeli-nje, kodwa kube othwala icala lethu. Kubalulekile ukuncengelwa, kodwa uNkulunkulu yedwa olenga esiphambanweni njengaLowo othwele izono zethu, owakhokha ihlawulo lesono sethu ngempilo yaKhe, ongasisindisa emiphumeleni elethwa yizono zethu ngokufanelekile. Kungakho-nje nakuba uJesu eyisibonelo sethu esikhulu kangaka, kwakuzoba yize konke ngaphandle kwesiphambano novuko.

“Ngokuba Ijoka Lami Lilula”

Siphawulile ukuthi indlela uMathewu asebenzisa ngayo igama elithi “ijoka” kulesigaba izwakalisa indlela inkolo yamaJuda elisebenzisa ngayo leligama nokwezinye izindimana zeTestamente eliSha mayelana nokungaqondiswa kahle komthetho.

Igama lesiGriki elihunyushwe ngokuthi “lilula” kuMathewu 11:30 lingabuye lihunyushwe ngokuthi “lihle, liyathandeka, liwusizo, linesihe.” Abantu abaningi abasizungezile babona umthetho kaNkulunkulu njengolukhuni ukuwugcina nocindezelayo, futhi ngezinye izikhathi okungathi awuqondene nesimo. Singabasiza kanjani ukuze bathole ubuhle bomthetho, sikhuthaze ukuthi bathande uMnikimthetho?

Abazali balukhumbula njalo usuku lapho umntanabo athatha khona isinyathelo sokuqala. Isinyathelo esintengezelayo sokuqala, silandelwa esingconywa sesibili, nesesithathu-kanti sekungalindeleka ukuthi ingane iwe. Kungenzeka ikhale, futhi kube nomhuzuko omncane, kodwa uma ingane seyike yezwa inkululeko yokuzihambela, izosukuma izame futhi. Iyahamba, iyawa, iyasukuma, iyahamba, iwe, isukume. Lokhu kwenzeka ngokulandelana kaningi ngaphambi kokuthi ingane ikwazi ukuhamba ngokuphepha. Kodwa phakathi kokutengantenga nokuwa, kukhona ubuso obuncane nobujabulayo obuthi: *baba, mama, sengikwazi ukuhamba!*

Ukuhamba noJesu kungeze kwaba lula sonke isikhathi, kodwa kuhlale kukuhle futhi kuyinto efanelekile. Singatengantenga, Mhlawumbe siwe nokuwa; kodwa singavuka siqhubeke nokuhamba naYe.

KwabaseGalatiya 5:1, uPawulu wabhala wathi: “Ngakho-ke yimani niqine, ningabe nisaboshelwa ejokeni lobugqila.” Kusho ukuthini lokho? Usikhulule kanjani uKrestu? Yini umehluko phakathi kwejoka athi asilithathe ne”joka lobugqila” uPawulu asixwayisa ngalo?

Singaqiniseka ukuthi noma wayesho ukuthini uPawulu nge”joka lobugqila,” wayengasho ukulalelwa komthetho kaNkulunkulu, imiyalo eyishumi. Kunalokho, ukulalela, ukukholwa, ukwazi ukuthi ukusindiswa kwethu kuqinisekile, akwesekelwe phezu komthetho kodwa phezu kokulunga kukaKrestu okusigubuzele, lapho singathola ukuphumula kweqiniso nenkululeko.

Kungani ukuphila impilo yokulalela umthetho kaNkulunkulu kuyimpilo yokuphumula ukwedlula leyo yokungawulaleli lowo thetho?

“Umthwalo Wami Ulula”

Amazwi kaJesu okugcina kuMathewu 11:30 asebenzisa isifanekiso sokuthwala umthwalo: “Ngokuba ijoka laMi lihle, nomthwalo waMi ulula.”

UMose wathokoza ukubona umkhwe wakhe uJethro ngemuva kokumuka kukaIsrayeli eGibithe sebewele nolwandle. Funda uEksoduse 18:13-22. Yinto enjani ukuthwala umthwalo womunye umuntu kulendaba?

UEksoduse 18:13 usitshela ukuthi abantu beza kuMose ukuzothola ukwahlulelwa kusukela ekuseni kwaze kwaba kusihlwa. Uma ebona lokho umkhwe wakhe wanxusa umkhwenyane wakhe ukuba eseke uhlaka oluzomsiza ukuba agxile ezindabeni ezinkulu, lezo ezincane zibonelelwe abanye. UmBhalo usitshela ukuthi uMose walalela izwi likaJethro, wazisebenzisa lezo zinguquko ezithuthukisa impilo.

Uma uJesu esitshela ukuthi umthwalo waKhe ulula, wayefuna ukusikhumbuza ukuthi singathembela kuYena onguMthwali-mithwalo. NjengoMose, kufuneka sifunde ukuthi siyabadinga abanye abantu ukuba basithwalise imithwalo yethu. Ku 1 Korinte 12:12-26, isifanekiso sikaPawulu somzimba kaKrestu sisinika isithombe esihle sokuthi ukuthwalisana imithwalo kungaba njani. Sidinga umzimba osebenza kahle ukuze sikwazi ukuthwala noma yisiphi isisindo. Sidinga imilenze, izingalo, amahlombe, imisipha, nemizwa ukuze sikwazi ukuthwala noma yini.

Funda: abaseGalatiya 6:2. **Ukuthwalisana imithwalo kuisiza kanjani ukugcwalisa umthetho kaKrestu?**

Ukuthi kwakwenze njani kubhalwa lendimana kungasisiza. KumaGalatiya 6:1, uPawulu uthi uma umzalwane noma udade ewela esilingweni, thina asimbuyise lowo muntu ngomoya wobumnene (khumbula okwashiwo nguJesu ku Mathewu 11:29, ethi umnene). Ukuthwala imithwalo kusho ukubuyisela umuntu ophambukile endleleni ukuze asizwe ukubona umusa wezulu. Kodwa futhi kusho ukusizana uma sifikelwa ubunzima. Igama lesiGriki elisho “umthwalo” lingasho isisindo esisindayo noma amatshe. Liyasikhumbuza ukuthi sonke sithwele imithwalo, nokuthi sonke sidinga abazosisiza sithwale umthwalo. Ukuthwalisana umsebenzi webandla eliwunikwe nguNkulunkulu, odinga ubumnene, uveze isihe.

Cabanga ngesikhathi lapho wathola ukusizwa omunye umuntu ukuze uthwale umthwalo owawukusinda. Kwakubaluleke kangakanani lokho kuwena? Ungasiza bani athwale umthwalo khona manje?

Ukujula Nomcabango: “Uma uthola ukuthi umsebenzi wakho ulukhuni, uma ukhala ngobunzima nezilingo, uma uthi awunamandla okumelana nezilingo, awukwazi ukubekezela, noma uthi impilo yobuKrestu ingumqantsa, qiniseka ukuthi awuthwele ijoka likaKrestu; uthwele elenye inkosi.”—Ellen G. White, *Child Guidance*, p. 267.

“Kunesidingo sokuhlala kuqashiwe nokukhonza okuqinisekile, kothando, kodwa lokho kuzozifikela kona uma umphefumulo ulondolozwe ngamandla kaNkulunkulu ngokukholwa. Akukho lutho, lutho noluncane, olungasenza sithandeki kuNkulunkulu. Asingazethembi nakancane, noma imisebenzi yethu emihle; kodwa uma njengabantu abanamaphutha, siza kuKrestu, singathola ukuphumula othandweni lwaKhe. UNkulunkulu uzokwamukela wonke umuntu oza kuYena ethemba ukulunga koMsindisi owabethelwayo. Uthando luyamila enhliziyweni. Kungase kube nemizwa yenjabulo, kodwa kukhona ukwethemba kokuthula okuhlala njalo. Wonke umthwalo ulula; ngoba ijoka esilunikwa nguJesu lilula. Umsebenzi uba yintokozo, nokuzidela kubemnandi. Indlela eyayikade ibonakala iguthungelwe ubumnyama kuqala, isiyakhanya ngemisebe evela kulo iLanga Lokulunga. Ukuhamba ekukhanyeni lokhu njengoba uKrestu esekukhanyeni.”—Ellen G. White, *Faith and Works*, pp. 38, 39.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Uyasikhumbula yini isikhathi kuloluhambo lwakho noKrestu lapho wacina uzinikele? Abelana ngaleso sikhathi neklasi, uxile kakhulu phezu kwesizathu sokuzinikela kwakho.
- ② Funda umthandazo kaJesu kuMathewu 11:25-27, nixoxe eklasini ngokuthi sithola kanjani ukwazi ngomusa. Kungani uNkulunkulu efihla icebo losindiso (“lokhu”) kulabo abayizihlakaniphi, elembulela izingane?
- ③ Ngendlela ebonakalayo, thina singabasiza kanjani abasizungezile, abasindwa yimithwalo yabo, ukuthi beze kuJesu bathole ukuphumula?
- ④ Ake uxile kulomqondo wokuba “mnene nokuthobeka ngenhliziyo.” Akuyona yini into embi leyo kumuntu ofuna ukuzethemba? Akufanele yini siziqhenye ngalokho esiyikho, kakhulukazi umuntu ozingabazayo? Kufanele isiphambano, nalokho esikumele, sisisize kanjani ukuqonda ukuthi wayethini uJesu uma ekhuluma “ngokuba mnene nokuzithoba?” Phambi kwesiphambano, kungani ubumnene nokuzithoba kuyikhona kuphela okufanelekile?